CITY OF
uMHLATHUZE
VISION INTO ACTION

# COUNCILLOR L B SHANGASE

B127 IMPALA CRESCENT NGWELEZANE
CELL: 0720607165
FAX: 035 7943515

WARD 27

Ukhansela **L B Shangase** kanye neKomidi leWadi bamema wonke umphakathi owakhele uWadi 27 **Kwa A1275** emhlanganweni wokwethulwa kwenkontileka yokufakwa kukagesi. kulendawo.

Lomhlangano uhlelwe kanje:

**INDAWO** : **Ngwelezane Supper Hall**

**USUKU** : **11 January 2016 (ngoMsombuluko)**

**ISIKHATHI** : **10:00 (10 Ekuseni )**

Uhlelo

1. Ukuvula ngomkhuleko
2. Ukwemukela nezixoliso.
3. Ukwethulwa kwenkontileka kagesi.
4. Ukuvala ngomkhuleko

**IKHISHWE**

**UKHANSELA L B SHANGASE**
**WADI 27**

SAHA
ARCHIVE FOR JUSTICE

CITY OF
uMHLATHUZE
VISION INTO ACTION

5 Mark Strasse Civic Centre
Business District
Private Bag X1004
Richards Bay 3900

E: rcg@umhlathuze.gov.za
T: 035 907 5000
F: 035 907 5444/5/6/7
Toll Free No: 0800 222 827

www.umhlathuze.gov.za

Email: MakhayeNP@umhlathuze.gov.za

AMAMINITHI OMHLANGANO WOMPHAKATHI WASE NGWELEZANA B 1275 WOKWETHULWA KOHLELO LOKUFAKWA KUKAGESI OWABANJELWA E HOLO ENGWELEZANA MHLAKA 11 JANAUARY 2016 NGESIKHATHI SIKA 16:30 NTAMBAMA.

1.Ukuvula.

U Khansela M W Mthenjana (uSomlomo) womkhandlu wavula wase emukelauKhansela M Mhlongo (uMeya) uKhansela N V Gumbi ( Sekela Meya) ubaba u N J Sibeko kanye nabo bonke abakhona emhlanganweni.

2. Isethulo ngoMeya ( Clr M Mhlongo)

Wabe esecela uMeya ukuthi akhulumisane nomphakathi wase B 1275. Inhloso yomhlangano ukuzothula inkontileka ezofaka ugesi, njengoMasipala onakekelayo loludaba kade lwaqala lusetshenzwa, kodwa kunezinqinamba mayelana nemali okumele ikhokhwe ngumuzi ngamunye, Sizokhumbula ukuthi kwake kwavela ukuthi umuzi uzokhokha u R26 000.00 ukuze ufakelwe ugesi, Silikhulumile udaba , savumelana ngokuthi ugesi uzofakwa ngaphandle kokukha lemali, kodwa imali ezokhokhwa ngu R4 900.00 umuzi ngamunye llemali eyokuxhunyelwa ugesi uze ekhaya, kanti leyaya eyayingu R26 000.00 kwakweyokufaka ulayini kubalwa izigxobo kanye nekhebuli.

Njengamanje sisabhekene nokufakwa kukagese, ezinye izinsiza sizobuye sizibone.

Umphakathi wabe usunikwa ithuba lokuphefumula ngohlelo oluthuliwe. Wabuza ukuthi uhlobo luni lukagesi, kukhokhwa nini ngoba bona sebejahile, lukhona yini uhlelo lokuhlephula lemali,

Ubaba uMeya wabe esephendula kulemibuzo wanika izimpendulo ezijabulisa umphakathi.

Ukuvala Sekela Meya ( Clr N V Gumbi)

Usekela Meya wabingelela uMeya kanye nabobonke abasendlini, wase ebongela umphakathi ngohlelo lukagesi endaweni, washo nokuthi noma unyaka odlule uphele bengenagesi , ukudla konakala emakhabetheni, kodwa manje sebezoba nogesi bakwazi ukubeka izinto zabo bazithole zibanda. Baphile impilo enjengawowonke umhlali waku Masipala wase Mhlathuze.

Singu Masipala wase Mhlathuze senza isiqiniseko sokuletha impilo engcono kubo bonke abantu, futhi sisazoqhubeka nokuguqulwa kwezimpilo zabantu, umuntu angafani nayizolo, kodwa kube khona umehluko empilweni.

Umhlangano wabe usuvalwa ngo 18:00.

SAHA
ARCHIVE FOR JUSTICE